PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZWAKALISA UVO LWAKHO

UMTHETHOSIVIVINYWA WOKUCHIBIYELA IMITHETHO YEMFUNDO EYISISEKELO [B2-2022]

IZETHULO

IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele Imfundo Eyisisekelo limema abantu abanentshisekelo nalabo ababambe iqhaza ukuthi bathumela ukuphawula kwabo okubhalwe phansi mayelana noMthethosivivinywa Wokuchibiyela Imithetho Yemfundo Eyisisekelo [B2-2022]. **UMthethosivivinywa uyatholakala lapha: https://www.parliament.gov.za/bill/2300398**

UMthethosivivinywa uhlongoza ukuchibiyela uMthetho Wezikole WaseNingizimu Afrika, we-1996 (UMthetho No. 84 we-1996), kanye noMthetho Wokuqashwa koThisha, 1998 (Umthetho No. 76 we-1998) (i-SASA kanye ne-EEA, ngokulandelana), ukuze zihambisane nentuthuko emkhakheni wezemfundo kanye nokuqinisekisa ukuthi izinhlelo zokufunda zisetshenziswa ngendlela ezophumelelisa ilungelo lemfundo eyisisekelo eliqukethwe esigabeni 29(1) soMthethosisekelo weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika we-1996.

Phakathi kokunye, uMthethosivivinywa uhlose ukuchibiyela izincazelo ezithile; ukuhlinzeka ngokuthi ukuqala ebangeni lokuqala -R kuyimpoqo, kanye nokuhlinzeka ngokuthuthukiswa kwezinhlelo mayelana nokwamukelwa kwabafundi ezikoleni zikahulumeni. Uphinde uhlinzekele izinhlaka zokuziphendulela kwezezimali nezomphakathi ezigungwini ezilawulayo kanye neminyango yezifundazwe.

UMthethosivivinywa uphinde futhi uhlinzekele Amandla engeziwe okulawula kukaNgqongoshe, kanye nokuthuthukisa ukuthathwa kwezinqumo kanye namandla okwengamela eziNhloko zeMinyango kanye namaLungu emiKhandlu yeziGungu.

UMthethosivivinywa futhi uhlongoza ukulungiswa kwezobuchwepheshe kanye nokuqinisa, ucacise izinhlinzeko ezingahlinzekelwe emthethweni okhona futhi uqinise izindlela zokuphoqelela ukuthotshelwa kwamacala kanye nezinhlawulo.

Noma yimuphi umuntu noma inhlangano efisa ukuletha imibono ebhaliwe ikhululekile ukuthi ithumele izethulo ku: Mr Llewellyn Brown, uNobhala weKomidi kule-imeyili: **belabill02@parliament.gov.za** noma kulewebhusayithi:**https://forms.gle/MoC6AdbdQyYPk3Y49** noma **nge-WhatsApp: +27 60 550 9848.** UMnu Llewellyn Brown angatholakala kule nombolo yeselula: 083 709 8450 uma unemibuzo. Izethulo ezibhalwe phansi kufanele zifike ePhalamende ungakadluli umhla ziyi -15 kuNhlangulana/Juni wezi-2022 ngehora le-16:00. Ngaphezu kwezethulo ezibhalwe phansi, uyacelwa ukuthi ukhombise uma ungathanda ukwenza izethulo zomlomo.

Zonke izincwadi kufanele zibhekiswe kuNkk B P Mbinqo-Gigaba, uSihlalo: IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele Ezemfundo Eyisisekelo zithunyelwe kuMnu L A Brown.

Uyacelwa ukuthi kwizethulo zakho unikeze igama, isibongo, inombolo yocingo, kanye nekheli le-imeyili yomuntu noma yenhlangano ethumela ukuphawula.

Sikhishwe uNkk B P Mbinqo-Gigaba MP, uSihlalo: IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele Imfundo Eyisisekelo.

Parliament – Following up on our commitments to the People – Making your future work better